

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ [www.saexampapers.co.za](http://www.saexampapers.co.za)



SA EXAM  
PAPERS



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**FEBRUWARI/MASHI 2016**

**AMAMAKI: 70**

**SIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-19.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:  

ISIQEPHU A: Inoveli	(35)
ISIQEPHU B: Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C: Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D: Izinkondlo	(35)
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.  

ISIQEPHU A: INOVELI  
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO  
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE  
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO  
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izinkondlo ezihlolwayo.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe (checklist) ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.
7. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
8. Qala ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.
9. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo nesifundekayo.
10. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

<b>ISIQEPHU A: INOVELI</b>		
<b><i>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA ngenoveli oyifundile.</i></b>		
<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>	<b>IKHASI</b>
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	5
2. <i>Umshado</i>	35	7
<b>ISIQEPHU B: UMDLALO</b>		
<b><i>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA ngomdlalo owufundile.</i></b>		
3. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	9
4. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	12
<b>ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE</b>		
<b><i>Phendula imibuzo YOMIBILI.</i></b>		
5.1 'UNozimoto'	18	14
5.2 'Lapho Kukhona Uthando'	17	15
<b>ISIQEPHU D: IZINKONDLO</b>		
<b><i>Phendula imibuzo YOMIBILI.</i></b>		
6.1 'Phansi'	17	17
6.2 'Kwamfaz' ongemama'	18	18

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe:**

<b>ISIQEPHU</b>	<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>IMIBUZO EPHENDULIWE</b>	<b>THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE</b>
A: INOVELI	1–2		
<b>NOMA</b>			
B: UMDLALO	3–4		
<b>NOMA</b>			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	5		
<b>NOMA</b>			
D: IZINKONDLO	6		
<b>QAPHELA:</b> Qiniseka ukuthi uphendula imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

**ISIQEPHU A: INOVELI****UMBUZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA A**

UManyoba wasebenza eGoli iminyaka eminingi engakwazi ukuzijabulisa ngoba efundisa izingane zakhe, efuna ukuba zisebenze **zinganceli isithupha** njengaye. Engakayi ukuyofuna umsebenzi ePitoli, wake wahlaselwa ukufa okwamenza waphindela ekhaya. Wahlatshwa izibhobo zathi azimbulale, zaze zathi izinsizwa zakubo kungcono abuyele ekhaya ukuze alashwe ngesiZulu ngoba becabanga ukuthi waphuzela okhambeni okwakuphehlelwa amanzi ngalo.

Wahanjiswa ekhaya ngokushesha. Walashwa kodwa kwanhlanga zimuka nomoya, wase eyiswa esibhedlela saseGreytown. Esengcono waphindela eGoli lapho ayesebenza khona, wahlala unyaka wonke wase ethola umsebenzi ePitoli. Kwaba kubi impela ezinsizweni zangakubo esehamba eGoli, kodwa-ke kwakungekho ababezokwenza ngalokho ngoba babengeke balawule impilo yakhe.

Wahamba kanjalo-ke eGoli. Engakashiyi ePitoli wafunda ukushayela izimoto ezincane, wazithola izincwadi zokushayela ngemuva kokukhulu ukwehluleka lokhu. Wajabula kakhulu ngoba uNdabazabantu wamnika umsebenzi wokushayela khona ngaphakathi efemini, ngemuva nje kwesikhashana esanda kuthola izincwadi.

Ngemuva kwezinyanga ezimbalwa, wanikwa umuntu owazi kahle indawo ukuze aqale ukuhambisa izimpahla ezindaweni lapho zifuneka khona. Lo msebenzi wamhambisa iPitoli neGoli lonke ngoba wayediliva izimpahla. Wawusebenza-ke lo msebenzi ngokukhulu ukuzimisela lokhu. Wagcina ewushiyile umsebenzi wabuyela kwelakubo. EPitoli wasebenza kahle impela ehlala ehositela eMamelodi. Nakhona la kwakukhona ezinye izinsizwa zangakubo, okwakuyizo ezamtholela umsebenzi. Inkinga yakhe manje kwakungukuthi izingane sezikhulakhulile, sekufanele ziyosebenza isithupha

1.1 Wayeguliswa yini uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli? (1)

1.2 Yini eyayizosiza uManyoba njengoba egula ngokusho kwezinsizwa zangakubo? (2)

1.3 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uManyoba akumsizanga ukwelashwa ekhaya. (2)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sisho: 'Wayefuna ukuthi zisebenze **zinganceli isithupha** njengaye.'

A Ukudla

B Ukuhlupheka

C Ukusola

D Ukudideka

(1)

- 1.5 UManyoba washada esezingane ezimbili noMaNdlovu. Bhala amagama alezo zingane. (2)
- 1.6 Yini ayenza uManyoba ngenkathi esasebenza eGoli ukuzithuthukisa. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.7 Bhala izinto ezimbi ezazishiwo unkosikazi kaFanyana kuMaNdlovu ngenkathi ehlala emzini wabo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.8 Bhala izibonelo EZIMBILI zobugebengu ezitholakala kule noveli. (4)
- 1.9 Chaza ukuthi uManyoba wafunda kanjani ukudlala ilothis. (2)
- 1.10 Ukungathembeki kukaNtombela kumakhosikazi akhe kwaba namthelela muni ngenkathi eseshonile. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.11 UMaNdlovu uvezwe njengomlingiswa onjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.12 Yisiphi isifundo ositholile mayelana nempilo kaManyoba? Bhala OKUTHATHU. (3)
- 1.13 Umbhali wale noveli uphumelele kahle ukuphetha le ndaba. Sekela lesi sitatimende ngokulandela indaba. (2)
- 1.14 Ucabanga ukuthi uManyoba walaba kahle yini ifa lakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.15 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
1.15.1	UBheki	A	Ummeli
1.15.2	UMjwayeli	B	Uthisha
1.15.3	UMgoza	C	Umshayeli wezimoto ezinkulu
1.15.4	UFanyana	D	Umcwangingi wamabhuku
1.15.5	UMduduzi	E	Uthishanhloko

(5 x 1)

(5)  
[35]**NOMA**

**UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA B**

'Kanti usubuyile Bheki?'

'Sengibuyile mama. Into embi nje ukuthi umakoti uyagula usesibhedlela.'

'Bathi uphethwe yini?'

'Unesi uthe bazothola kahle kusasa; basamhlola.'

'Kwakubi-ke lokho. Nokho-ke ungethuki, uzoba ngcono.'

'Usho ukuthini uma usho njalo, kanti awusiye unesi?'

'Angisale sengikutshela nje mfana noma lolu daba bekuyimfilo yami kuphela.'

Athule uBheki alindele le ndaba eza nonina.

'Mina mntanami ngake ngaya kwababonayo. Bangitshela ukuthi umakoti uzoguliswa ukudla izidakamizwa.'

'Izidakamizwa!'

'Yebo mfana wami.'

Kume umqondo kuBheki. Abone ukuthi **uhlangene nezimbila zithutha** kuTholi.

Acabange into engapheli uBheki. Ashaywe uvalo uma ecabanga ukuthi uzomyekisa kanjani uTholi lo mkhuba. Abone kuyinto elikhuni kabi ukuhlala nomuntu odla izidakamizwa.

'Kodwa yinto engizoyithini lena mama?'

'Impela angazi Bheki. Inkinga phela ukuthi wena uvele uvimbe ngokuthi umthanda kakhulu lo makoti wakho.'

Athule uBheki. Kufike umqondo othi akavele amale uTholi lo azihlalele. Abuye akhumbule inkinga yephupho likayise. Kufike umqondo wokuthi akavele ayozifunela uLindiwe ashade naye kuphele kanjalo. Abuye abone ukuthi ngoba noTholi uyamthanda kokunye uyoziyeka zonke lezi zinto azenzayo. Azitshela ukuthi ngaphambi kokuba bashade uyombuza uTholi ukuthi uzohlukana yini nazo zonke lezi zinto zokungcola.

'Mama, ake ngiyophumuza ikhanda ngingaze ngihlanyiswe yilo mlobokazi.'

2.1 Ubani lo makoti ogulayo kulesi siqeshana esingenhla? Kuthiwa ugulela kuphi? (2)

2.2 Obani abatshela umama kaBhekani ukuthi umakoti uzoguliswa izidakamizwa? (1)

2.3 Ubani igama lomngani walo makoti okukhulunywa ngaye esiqeshini? (1)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **uhlangene nezimbila zithutha** sisho ukuthi:

A Uhlangene namagundane ephuma engena endlini.

B Ubhekene nenkinga.

C Ubhekene necala.

D Uhlangene nabantu bethutha ummbila. (1)



- 2.5 UBhekani wayengakuthandi ukuyobhula. Bhala izizathu EZINTATHU ayezibeka/ayezisho mayelana nalokhu. (3)
- 2.6 Yini eyenziwa uBhekani eyayiphambene nesiko? Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.7 ULindiwe wayemthanda kakhulu uBhekani. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.8 Yisiphi isilwane esaphushwa nguTholi esasiwuphawu lokuthi ubaba kaBhekani unolaka? (1)
- 2.9 Bhala isigameko ESISODWA sodweshu lwangaphakathi olutholakala kule ndaba. (2)
- 2.10 Bhala izizathu EZIMBILI ezazenza ukuthi umalume kaBhekani angamthandi uTholakele. (2)
- 2.11 UBhekani uvezwe njengomlingiswa onjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.12 USifiso wayemazi kakhulu uTholakele. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.13 Yimuphi umyalezo uZenze ayewulethele uBhekani athi uvela kubo kwaTholi? (2)
- 2.14 Ukuba wawungumama kaBhekani wawungameluleka uthini ngenkathi umshado ungasaphumeleli. (2)
- 2.15 Bhala indikimba yale noveli. (2)
- 2.16 Xoxa ngesigameko esenzeka ngenkathi uBhekani ephuma ukuyobona uTholi esibhedlela. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.17 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
2.17.1	Ukuya kwababonayo	A	Umlobokazi
2.17.2	Basamhlola	B	Ukulungela okuthile
2.17.3	Umakoti	C	Ukuxilonga
2.17.4	Ukuyophumuza ikhanda	D	Ukuyobhula
2.17.5	Ukuma ngomumo	E	Ukuyophumula

(5 x 1)

(5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO****UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA C**

*(Ntambama emzini wenkosi. UShandu uhleli nomkakhe, bayaxoxa.)*

SHANDU: MaNgema angikuphikisanga mhlazana uzama ukuthi ngimbize uDuma. Yebo, ngakwenza lokho kodwa akusebenzanga. Manje, uthi angenzenjani-ke futhi.

MANGEMA: Baba, ngizoqala ngokubonga ngoba wangilalela yize nje wawunalokho kungabaza. Khona akukho osengakwenza. Angazi kodwa, sengethembele enhlanganweni yakhe uDuma ikakhulu labo abasezihlalweni eziphezulu kulesi sifundazwe. Kwanginika ithemba ukuthi isikhulu soMnyango wezendabuko sakuthembisa ngokuthi sizobikela abenhlango yakhe emazingeni aphezulu.

SHANDU: Hhayi-ke bandla, masethembe bona osopolitiki. *(athule kancane)* Uyabona, ukube kuseyisendulo, bengizomane ngimdingise uMbandlwa ngoba nguye oyimpethu.

MANGEMA: Khohlwa-ke baba. Njengoba sekubonwa ngentando yeningi nje, ngeke uyilinge leyo nto. Kwabanye abantu intando yeningi isho ukuthi kufanele umuntu alifune ilungelo lakhe bese naye enikeza abanye elabo ilungelo.

SHANDU: Uyakhuluma lapho MaNgema. Kafushane nje singathi, konke esikwenzayo kufanele kuncike kuthatha-nika. Uma wena uthatha nje kwaphela kodwa unganiki, uyayibulala intando yeningi. *(banqekuzise amakhanda bobabili, bevumelana)*

**(Phandle kukhuleke induna uDlamini.)**

DLAMINI: Ndabezitha! Ndabezitha!

SHANDU: Ngena Mzizi!

**(Angene uDlamini. Iphepha aliphethe ngesandla alibeke phambi kwenkosi bese ehlala phansi.)**

DLAMINI: Ngiyanibingelela Ndabezitha.

SHANDU: *(ufunda iphepha ngesikhathi ekhuluma)* Yebo Mzizi. *(alibuke iphepha aze anikine ikhanda, ubuso bugcwale intukuthelo)*

**MANGEMA:** (*eqondise kuDlamini*) Mzizi, leli phepha sengathi alilungile nje. (*abhekise kuShandu*) Baba, yini? Hhayi bo! Leli phepha kanti libhalweni?

**SHANDU:** MaNgema, ngiyadumala. Uyazi, kuphela ngisho nasozwaneni. Leli phepha libhalwe isaziso somhlangano ozobanjwa ngoMgqibelo lo wakusasa njengoba kunguLwesithathu nje namuhla. Lapha, kubhalwe nezihlokwana zezinhlelo zentuthuko. Amanzi, ugesi, umtholampilo, izinkundla zezemidlalo kanye nemigwaqo ezofakwa itiyela. Ekugcineni kubhalwe kwagqama ukuthi amaphoyisa azobe ekhona.

3.1 Wayenasikhundla sini uDuma? (1)

3.2 Bhala izinto EZIMBILI ezazizosiza abantu uma kulethwa intuthuko kule ndawo. (2)

3.3 Sithini isethembiso esanikezwa ngaboMnyango wezeNdabuko enkosini uShandu? (2)

3.4 Yini eyenza ukuthi inkosi uShandu ingakwazi ukudingisa uMbandlwa? (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sisho ukuthi:

**'Uyazi kuphele ngisho nasozwaneni':**

- A Ukujabula
- B Ukucasuka
- C Ukudumala
- D Ukungazi ukuthi uzothini (1)

3.6 Bhala indlela ekhombisa inhlonipho uma umuntu ekhuluma nenkosi yendawo. (2)

3.7 Bhala isigameko esenzeka emhlanganweni owawusesikoleni saseNdabuzekwayo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.8 Wakukhombisa kanjani uMaShezi ukuthi akahambisani/akezwani nendlela uDuma noMbandlwa abenza ngayo izinto? (2)

3.9 Tomula umusho ochaza indlela abaholi okufanele basebenzisane ngayo embusweni wentando yeningi. (2)

3.10 Ngabe umbhali ubaveze kanjani laba badlali abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye.

3.10.1 UMbandlwa (2)

3.10.2 UMazongolo (2)

- 3.11 Bhala izigameko zodlame EZIMBILI ezenzeka endaweni yenkosi uShandu. (2)
- 3.12 Incwadi eyabhalwa inkosi uShandu yaba namuphi umthelela? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 3.13 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaDuma nonogada wenkosi. (2)
- 3.14 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu besifazane abakulo mdlalo yibona abenza kwaba noxolo kule ndawo. Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.15 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
3.15.1	Isizinda	A	Ushandu
3.15.2	Udabula	B	Umbandlwa
3.15.3	Ummeleli	C	Unogada
3.15.4	Umzizi	D	Indawo, isikhathi nesimo senhlalo
3.15.5	Umqhathi	E	Isithakazelo senduna

(5 x 1)

(5)  
[35]**NOMA**

**UMBULO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA D**

*(UThenjiwe uyasebenza ekhishini ukhuluma yedwa)*

**THENJIWE:** *Sengathi ayisekho le nto engiyiphilelayo emhlabeni. Ukufa kukaSipho kuyimbokodo engisindayo emahlombe. Uyena umuntu engangicabanga ukumthanda, Ngiziganele yena ngokuzayo. Manje akasekho. Kodwa uDumisani wonke lo. Namuhla ngiyamsusa. Angimenzele itiyi. Uphi loya muthi (acinge). Ngakhumbula ngawufihla lapha phezu. Loya baba wangitshela ukuthi uma uwufake etiyeni, ujuqu. (Awuthathe). Abakithi sebeyongixolela. Angizenzi. Ngeke ngijabule uDumisani esaphila. Konje ugogo kuthiwa uyangifuna? Angisheshise. Kufuneka uyafika ubaba sengimsusile uDumisani. Ugogo ngiyamesaba. Uzongiphogoqela ukuba ngigane uDumisane. Kufuneka athi eqambe ekhuluma kube kuthiwa **ishoba selilele amazolo** kulowo. Ingabe uyothini ubaba? Kodwa naye wavele wangitshela ngesiko wagcina lapho. UDumisani angimfuni futhi angizenzi. Kubi ukubulala umuntu. Sengathi ngingathola into ezonginika isibindi. Ngizovele ngiliginge nje. Hhayi, angingaphuzi ibucayi le nto engiyenzayo, ifuna umqondo uphile kahle. Konje ingane isimbizile uDumisani. Angilithele itiyi ngiqulele lo muthi. Uma eke waqhabula kathathu kuyobe sekwanele. (Aqaqe iphepha. Afake umuthi etiyeni. Athi ukugoqoza. Kungene uDumisani) Bengithi uThabi! (Ethukile) Nanti itiyi. (Alisondeze etafuleni. Ahlale phansi uDumisani)*

**DUMISANI:** *Bengithi alikalungi itiyi makoti. Cha uyasheshisa. (Athele ushukela. Agoqoze. Kungene uThabi) Nangu-ke uThabi obumfuna.*

**THENJIWE:** *(Abheke kuThabi) Nawe ufuna itiyi?*

**DUMISANI:** *Kufuneka azenzele. Suka lapha uzochitha itiyi lami!*

**THABI:** *Ngifuna ukuphuza kanye leli lakho. (Alithathe)*

**THENJIWE:** *Kahle wena Thabi! Wenzani! Ngizokwenzela elakho! (Azame ukumephuca)*

- 4.1 UThenjiwe usola bani ngokufa kukaSipho? (1)
- 4.2 Yini eyayenza ukuthi uThabi afune ukuphuza itiyi likaDumisani? (2)
- 4.3 Babehlobene kanjani oDumisani noThabi? (1)
- 4.4 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uthando uThenjiwe ayenalo ngoSipho lwalungaphezu kobungani. (2)
- 4.5 Yisiphi isizathu esenza uThenjiwe afune ukuya kugogo eseqedile ngalokhu afuna ukukwenza kuDumisani? (2)

4.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi:

**Ishoba selilele amazolo**, sisho ukuthi:

- A Ukugula  
B Ukulala  
C Ukufa  
D Ukugodola (1)

4.7 Yini eyenziwa nguSipho ngaphambi kokuba ashone? (2)

4.8 Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi uNondumiso wenza miphi imizamo ukusiza uThenjiwe ukuthi angaphoqwa ngesiko lokungenwa/lokungena. (2)

4.9 Bavezwe njengabadlali abanjani laba badlali abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye.

4.9.1 UMondise (2)

4.9.2 UDumisani (2)

4.10 Yisiphi isethembiso esashiwo ugogo uma uThenjiwe evuma ukugana/ukushada uDumisani? (2)

4.11 Ukuhlanguka komndeni wakwaMondise nowakwaZungu kwaba namthelela muni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.12 Phawula ngesisusa sodweshu esitholakala kulo mdlalo? (2)

4.13 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umbhali walo mdlalo uveza ukucindezelwa kwamalungelo abantu besifazane? Sekela impendulo yakho. (2)

4.14 Ngokucabanga kwakho ukube uThenjiwe wagcina enqabile ukungenwa uDumisani abakwaZungu babezokwenzani? (2)

4.15 Bhala ingwijikhwebu mayelana necala likaSipho. Bhala amaphuzu AMABILI. (4)

4.16 Qondanisa IKHOLOMU B no KHOLOMU A.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
4.16.1	UManzini	A	Wabulawa udlame
4.16.2	USkhumbuzo	B	Umyeni kaMaMbatha
4.16.3	USipho	C	Umyeni kaMaMkhize
4.16.4	UMondise	D	Wabulawa ukugula

(4 x 1)

(4)  
[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 5.1 NOMBUSO 5.2.

**UMBUZO 5****5.1 'UNOZIMOTO' – NPA Khumalo**

Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA E**

Ngakusasa kusempondozankomo, bamthatha uKaMaseko ngemoto baguduza naye. Wayeboshwe ngeduku ebusweni, kwathiwa wathi nje nkente, iyangena insabula. Nezibhamu banazo ababhemu laba. Yimigundatshani yoqobo ngoqobo. Ivutheleke imoto.

'Engathi yimoto yamaphoyisa nje lena esizohlangana nayo?' kubuza uSam. Nokho kutholakale ukuthi akugqamile kahle, ngoba nakhu alikaphumi ilanga, nezimoto zisakhanyisile.

'Kungaba yiyo, kungebe yiyo,' kusho uJoe.

'Kodwa bengishilo ukuthi asisukuzikhipha izinombolo zemoto ngoba kuzosolisa. Bekungcono sigaxe zona ezaseJozi.'

'Sewukhala emva kwendaba-ke. Akusasizi. Akusiwo futhi amaphoyisa lana, ngenye nje impatha lena esethusa ngenyoka efile.' kusho uJoe. Nebala baphambane naleyo moto efana neyamaphoyisa.

'Kodwa-ke akusafuneki silale ngqu ngoba ...' USam aphazanyiswe ukubona enye esolisayo imile ngaphambili. Nemoto yabo nje ayethembisi kahle ngoba elinye iso layo alikhanyi kahle. Nebala, ibasolisa nje le moto yiyo kanye eyephoyisa lomgwaqo. Libamise. Ahlale emafutheni uJoe. Kube abafulathele ngejubane, bezwe nje, 'Qhu!' Kudutshulwa isondo. Iphaphalaze imoto iyophonseka esihluthu.

\* \* \*

Ubuya kancane nje umqondo kuKaMaseko, ulele embhedeni. Usesibhedlela. Ekhanda ubhandishile ngoba wathinteka engozini yemoto. Nengalo yangakwesokunxele ibhandishiwe. Kukhona abamzungezile embhedeni, abazombona. Ngabakubo, kanye noNtokozo, nabazali bakhe.

Emva kokubuza konke ngendaba yokulimala kwakhe, echaza, bese bemchazela ukuthi izigebengu **zaphuma zingenamyocu**. Nokho-ke amacala obugebengu amaningi, kuhlangele nawokuhamba ngemoto entshontshiwe, nokungemi uma bemiswa, azilahla. Bembeswa amabhantshi aluhlaza.

5.1.1 Wayeyaphi uKaMaseko eze evelelwa yingozi? (1)

5.1.2 Yini eyayenza uKaMaseko angafuni ukuhlala ekhaya? (2)

- 5.1.3 Ubani igama lomngani kaKaMaseko ahlanguka naye esitobhini? (1)
- 5.1.4 Bhala isizathu esenza ukuthi iphoyisa lidubule isondo lemoto. (1)
- 5.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Ukuphuma ungenamyocu, kusho:**
- A Ukulimala engozini yemoto  
 B Ukuhamba ngemoto entshontshiwe  
 C Ukusinda engozini  
 D Ukuhamba ngemoto egijimayo (1)
- 5.1.6 UNtokozo uvezwe njengomlingiswa onjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 5.1.7 Izigebengu zathweswa/zabekwa maphi amacala? (2)
- 5.1.8 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi izigebengu zagwetshwa. (2)
- 5.1.9 Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya. Sekele lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.1.10 Yini eyenziwa abakwaMaseko ukuxolisela indodakazi yabo ngesenzo sayo sokungalaleli umyeni wayo? (2)
- 5.1.11 Ukuba wawungumyeni kaKaMaseko wawuzomxolela yini umkakho? Sekela impendulo yakho. (2)

## 5.2 'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa

Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

### ISIQESHANA F

Waya elulama-ke ngokuqhubeka kwezinsuku. Nezilokotho zikaWanda zazingena zingenile.

Kuthe ngemuva kwezinsuku ezine, wabe esekwazi nokuhamba. NgoLwesihlanu umama wathi abalungise, ngoba uzosiwa ezindlini zikaHulumeni, ukuze kulungiswe izincwadi zakhe. 'Nazi izingubo ozozigqoka.'

'Hawu, Mama, kodwa ngizokubonga ngani?'

'Chabo uWanda uselungise yonke into. Uselungiselele nokuthi niyohlangana nesoka lakho ehotela.' Zonke lezi zehlakalo zamane zamdida uSebenzile. Yena lo Wanda akasaveli ngani azibongele kuyena?

Nansi imoto yakwanokusho isidunusile. Wabonga engaphezi uSebenzile kulo mama. Yabe isuka imoto ishaya ichitha. Ithubeleze-ke imoto. Impela isima ehotela. Hawu, yilo lona lelo ebebezohlanganela khona nesoka lakhe. Nanxa bengezwisani nomshayeli wemoto, amchushachushise aze ayombeka lapho ebhukelwe khona.



Athole uSebenzile ukuthi ayikho into engekho. Wena mpahla yokugqoka, wena zicathulo, kukhona nezimbali kanye nencwajana abhalelwe yona. Mhlawumbe izochaza ukuthi pho akusaqalwanga ngani ngokulungisa izincwadi. Athi lapho eyifunda athole ukuthi iyamemukela, ibisithi noma nini manje usezongena amthandayo. Cishe waze wafa efela eziweni. Umuntu abengafisa ukumbona kuqala uWanda ukuze azibongele. Nezithombe zomuntu wakhe zemuke namanzi. Ngabe manje uyazivuselela ngokumbuka.

Ezwe kungqongqoza emnyango. Lumuthi nke uvalo. Nalo-ke ithuba abelilindele. 'Ngiyeza!' Asho athi ukuzilungilungisa, azithintathinte ebusweni, alungise nengubo. Kwaleyo ngubo uyithole isimlindile. Avule umnyango.

- 5.2.1 Ngokwalesi siqephu wabe ezoyokwenzani uSebenzile ezindlini zikaHulumeni? (1)
- 5.2.2 Ngubani igama langempela lesoka likaSebenzile ayelivakashela? (1)
- 5.2.3 Lalihlala kuphi leli soka likaSebenzile? (1)
- 5.2.4 Bhala izinto EZINTATHU uSebenzile azifika ehhotela. (3)
- 5.2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
Abantu ayegibele nabo esitimeleni uSebenzile babekhuluma:
- A IsiNdebele  
B IsiXhosa  
C IsiSotho  
D IsiSwati (1)
- 5.2.6 Umbhali uqonde ukuthini ngala mazwi alandelayo:  
'Cishe waze wafa efela ezizweni.' (2)
- 5.2.7 Xoxa ngamaphuzu AMABILI ukuthi walimala kanjani uSebenzile. (2)
- 5.2.8 Lapho kukhona uthando, nendlela ikhona. Sekela lesi sitatimende ngokulandela okwenzeka endabeni. (2)
- 5.2.9 Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)
- 5.2.10 Ngokucabanga kwakho kungumqondo omuhle yini ukuthanda umuntu ongakaze umbone ngamehlo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO****IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 6.1 NOMBUSO 6.2.

**UMBUZO 6:**

6.1 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Phansi – LMMS Madondo**

- 1 Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
- 2 Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
- 3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
- 4 Lunye kuwo uhambo
- 5 Impinda ayikho.
- 6 Sinye kuwo isikhathi
- 7 Sifushane asanele
- 8 Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa
- 9 Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
- 10 Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
- 11 Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
- 12 Abaqhwaklazela phezul'onontandakubukwa
- 13 Baphenduk'izinqibi kugayingane imilomo
- 14 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
- 15 Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
- 16 Ube phansi nangezolo ezothile yobuntu.

- 6.1.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)
- 6.1.2 Bhala izenzukuthi ezitholakala emgqeni we-11 nasemgqeni we-14. (2)
- 6.1.3 Tomula umugqa onefanangwaqa otholakala kule nkondlo. (2)
- 6.1.4 Hlobo luni lokuxhumana olutholakala emigqeni we-15 nowe-16? (2)
- 6.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisho:
- Abaqhwaklazela phezul' **onontandakubukwa**.
- A Abantu abade
- B Abantu abathanda ukudelela
- C Abantu abathanda ukuhleka
- D Abantu abathanda ukuziveza (1)

- 6.1.6 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emgqeni we-15? (1)
- 6.1.7 Ngokwale nkondlo umhlaba ubenzenjani abantu abaziphakamisayo? (2)
- 6.1.8 Bhala igama elisenkondlweni elisho okufanayo nelithi izinyoka. (1)
- 6.1.9 Bhala uhlobo lwemvumelwano olutholakala emgqeni we-6 nowe-7 bese unika nesibonelo. (2)
- 6.1.10 Uthini umqondo oqukethwe yile nkondlo? Bhala amaphuzu AMATHATHU ngamagama akho. (3)

6.2 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Kwamfaz' ongemama – FF Mbatha**

- 1 Awuthunyelwa gundane
- 2 Ngidele konke ngayokwenda,
- 3 Ngidel' ikhaya likababa,
- 4 Ngadel' izihlobo nabangani,
- 5 Ngadel nezinkalo zakithi,
- 6 Uze ungilonde Mveli
- 7 Kwamfaz' ongemama.
  
- 8 Namuhla ngiqombol' izintaba,
- 9 Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
- 10 Noma **ngibangwa nezibi,**
- 11 Liyophuma lithi
- 12 Ngiyatefa ngiyazenzisa,
- 13 Uze ungicine Menzi
- 14 Lapho kwanhliziyo ngise.
  
- 15 Noma ngingayisisulu sikamamezala,
- 16 Noma angangicakafula angichaphe
- 17 Ngelumelayo yodwa,
- 18 Ngiyobekezela ngizithobe.
- 19 Mntanomuntu ngibekezele,
- 20 Nngicine yonk' eyasemendweni.
- 21 Uz' ube yisihlangu sami Baba,
- 22 Lapho kwamfaz' ongemama.
  
- 23 Konke kwenzeka samlingo,
- 24 Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
- 25 Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini,
- 26 Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
- 27 Nokho akusenani
- 28 Sengobekezela ngizithobe,
- 29 Kwamfaz' ongemama.

- 6.2.1 Bhala izinto EZIMBILI ezisenkondlweni ezidelwa umuntu wesifazane uma eya kogana. (2)
- 6.2.2 Hlobo luni lwemigqa lolu olulandelayo?  
Uze ungilonde Mveli  
Kwamfaz' ongemama. (1)
- 6.2.3 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala esitanzeni sesi-3 bese ubhala nesibonelo. (2)
- 6.2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
**Ukubangwa nezibi** kusho:  
A Ukushada  
B Ukugula kakhulu  
C Ukushanela  
D Ukungcola (1)
- 6.2.5 Tomula igama elisho ukutetema enkondlweni engenhla. (1)
- 6.2.6 Hlobo luni lwesifengqo oluqokethwe yilo mugqa olandelayo:  
Uz' ube yisihlangu sami Baba (2)
- 6.2.7 Kungabe umbhali wale nkondlo uthembele kubani njengoba eya emendweni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.2.8 Yini inhloso yombhali ngokusebenzisa impindwa kule nkondlo? (2)
- 6.2.9 Uthini umoya wale nkondlo? (1)
- 6.2.10 Qondanisa IKHOLOMU B no KHOLOMU A.

	<b>IKHOLOMU A</b>	<b>IKHOLOMU B</b>
(a)	Kwamfaz' ongemama	A Indawo ekude
(b)	Ukuchapha	B Lapho uthanda khona
(c)	Emajukujukwini	C Emendweni
(d)	Kwanhliziyo ngise	D Ukuthuka inhlamba

(4 x 1) (4)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**